



It starts with a story...

Choosing books

Which books get children begging for more? Younger readers often choose a book because they like the illustration on the front cover! More experienced readers might choose a book that is on their favourite subject or by their favourite author. So, how do you choose books for children? Here are some ideas.

- ★ Ask around! Check with your children's friends what they have enjoyed reading or ask other parents what their children are reading at the moment. Get to know your local librarians and ask them which authors children of a particular age usually enjoy.
- ★ Books for babies and pre-schoolers should be in their home language where possible. Try translating books that have very few words yourself if they are not published in the language you need. Also look out for home language

books for older children – nothing beats reading a story in your own language!

- ★ Babies like brightly coloured pictures, or photographs of objects or people with simple text. They also love the rhythms of language, so books with repetition and rhyme usually work well.
- ★ Wordless books are a great investment because you get the chance to tell a story to your children in your own way in any language you like – and then they can create their own stories with the books too.
- ★ They say that variety is the spice of life. This is true with books too. Choose some books that reflect things that will be familiar to your children – for example, books in which the homes look like your children's. And, choose other books that provide new experiences, like stories set in different places and cultures.


- ★ When children can already read, it's best to choose some books that they can read on their own and some books (with more complicated language and plots) that you can read to them.
- ★ Stories about difficult things in children's lives – like the arrival of a baby, illness, divorce or friendship challenges – can help them process their feelings and face their fears.
- ★ Information books are not just for older children. Factual books help children to learn about our world and encourage them to be curious!

Find more information on reading and sharing stories with children at www.nalibali.org or www.nalibali.mobi.

Ukukhetha izincwadi

Yiziphi izincwadi ezishiya izingane zisafuna ukufunda okunye? Abafundi abasebancane baye bakhethe incwadi ngoba bethanda umdwebo osekhaveni engaphambili yencwadi! Abafundi asebenenolwazi kungenzeka ukuthi bakhethe incwadi ekhuluma ngesihloko abasithandayo noma ebhalwe ngumbhali abamthandayo. Ngabe wena uzikhetha kanjani izincwadi zezingane? Nanka amanye amasu.

- ★ Buza kwabanye! Buza abangani bezingane zakho ukuthi yini abathokozele ukuyifunda noma ubuze abanye abazali ukuthi izingane zabo zifundani njengamanje. Yazi abasebenzi basemtatsheni wezincwadi wangakini bese ubabuza ukuthi zijwayele ukuthokozela izincwadi zabaphi ababhali izingane ezineminyaka ethile.
- ★ Izincwadi zabantwana abasagonwa kanye nezingane esezilungele ukungena esikoleni kumele zibe ngolimi lwazo lwasekhaya uma lokho kungenzeka. Zama ngokwakho ukuhumusha izincwadi ezinamagama ambalwa ezingashicilelwanga ngolimi oludingayo. Zama futhi nokubheka izincwadi zolimi lwasekhaya zezingane ezindadlana – ayikho into edlula ukufunda indaba ngolimi lwakho!
- ★ Abantwana abancane bathanda izithombe ezinemibala egqamile, noma amafodo ezinto noma abantu okunombhalo olula nje. Bayasithanda futhi isigqi solimi, ngakho izincwadi ezinokuphindaphinda okuthile nemvumelwano zivamise ukuthandeka.



- ★ Izincwadi ezingenamazwi ziyinto eyigugu ongayithenga ngoba uba nethuba lokuxoxela izingane zakho indaba ngendlela yakho nanganoma iluphi ulimi oluthandayo – futhi nazo izingane zingazenzela ezazo izindaba ngezincwadi lezo.
- ★ Bathi ukuba nezinto eziningi ezahlukene kwenza ibe mnandi impilo. Lokhu kuyiqiniso nasezincwadini futhi. Khetha izincwadi ezikhombisa izinto ezithile ezejwayelwe yizingane zakho – isibonelo, izincwadi ezinezindlu ezifana namakhaya azo. Bese ukhetha ezinye izincwadi ezihlinzeka ngezinto ezintsha ezifana nezindaba ezenzeka ezindaweni kanye nakumasiko ahlukene.
- ★ Ezinganeni esezikwazi ukufunda kuhle ukukhetha izincwadi ezithile ezingazifundela zona kanye nezinye izincwadi (ezinolimi kanye nesimo sendaba okujulile) ongazifundela zona.
- ★ Izindaba ezimayelana nezinto ezinzima ezimpilweni zezingane – ezifana nokuzalwa komntwana, isifo, ukudivosa noma izinselele eziphathelele nobungani – kungazisiza ukuthi zibuke indlela ezizizwa ngayo izinto, kanye nokuthi zibhekane nalokho ezikwesabayo.
- ★ Izincwadi ezinikeza ulwazi akuzona ezezingane ezindadlana nje kuphela. Izincwadi ezimayelana nezinto ezingamaqiniso zisiza izingane ukuthi zifunde ngomhlaba wethu futhi zizikhuthaza ukuthi zifune ukwazi kabanzi!

Thola kabanzi mayelana nokufunda kanye nokwabelana ngezindaba nezingane ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi.



Drive your imagination

Story Power.
Bring it home.
Walethe ekhaya amandla endaba.





The Nal'ibali bookshelf



The author of this edition's cut-out-and-keep book (*Ouma Ruby's secret*) on pages 3 to 6 is Chris Van Wyk. Chris was born in Soweto and lived most of his life in Johannesburg. He was not only a children's author and a poet, but he wrote over 20 books that include two autobiographies and books for teenagers. He was also a brilliant storyteller and we were lucky enough to have him join us at the launch of our Children's Literacy Charter on World Book Day in 2014. Sadly, Chris passed away not long after this on 3 October 2014. Nal'ibali will miss his passion for storytelling and the way in which he could make words dance across a page, but his warmth and talent will live on, every time we share one of his stories! Here are some of them that you might enjoy.

- *Ouma Ruby's secret* (Giraffe Books/Pan Macmillan), is available in all South African languages.
- *Nelson Mandela: Long walk to freedom* (Macmillan), is the children's version of Nelson Mandela's autobiography. It is also available in all South African languages.
- *Shirley, Goodness and Mercy* and *Eggs to lay, chickens to hatch* (Pan Macmillan) are the stories of Chris' childhood in Riverlea, Johannesburg. These books for older readers are a wonderful mix of funny and sad moments.

Find another story (*Mr Hare meets Mr Mandela*) by Chris van Wyk on www.nalibali.org or www.nalibali.mobi.

Did you know?

- Chris van Wyk's best-known poem, *In Detention*, is studied at high schools and universities across the world. It is about the suspicious way in which political prisoners in South Africa died during apartheid.
- When he was five Chris told his parents he wanted to be a writer!
- Chris won a number of awards for his writing, including the 2007 IBBY SA Best Picture Book Award for *Ouma Ruby's secret*.



Quinton van der Kevie

Everyone was spellbound as Chris told the story of *Ouma Ruby's secret* at Nal'ibali's celebration of World Book Day 2014.

Wonke umuntu wayengakwazi nokunyakaza ngesikhathi uChris exoxa indaba yakhe ethi *Imfihlo kaGogo uRuby* emgubhweni wakwaNal'ibali woSuku Lwencwadi Lomhlaba Wonke wezi-2014.

Ishalofu lezincwadi lakwaNal'ibali

Umbhali wencwadi ozoyisika uyikhiphe bese uyigcina yalolu shicilelo (ethi *Imfihlo kaGogo uRuby*) esekhasini lesi-3 ukuya kwele-6 nguChris Van Wyk. UChris wazalelwa eSoweto, waphila impilo yakhe eningi eGoli. Wayengeyena nje umbhali wezincwadi zezingane kanye nembongi kuphela, kodwa wabhala izincwadi ezingaphezu kwezingama-20 ezihlanganisa izincwadi ezimbili ngempilo yakhe uqobo kanye nezincwadi zamabhungu namatshitshi. Wayengumxoxi wendaba onekhono, kanti saba nenhlanhla enkulu ngokuphumelela kwakhe ukuhlanganyela nathi ekwethulweni kukaSomqulu Wezingane Wokwazi Ukufunda Nokubhala ngoSuku Lwencwadi Lomhlaba Wonke ngowezi-2014. Ngeshwa, uChris washona emvana nje kwalokhu ngomhla zi-3 kuMfumfu wezi-2014. UNal'ibali uzoyikhumbula intshisekelo yakhe yokuxoxa izindaba kanye nendlela ayekwazi ngayo ukwenza amagama agide ekhasini, kodwa imfudumalo kanye nethalente lakhe kuyohlala isikhathi eside, njalo nje uma sabelana ngenye yezindaba zakhe! Nazi ezinye zazo

- *Imfihlo kaGogo uRuby* (Giraffe Books/Pan Macmillan), itholakala ngazo zonke izilimi zaseNingizimu Afrika.
- *Nelson Mandela: Uhambo Olude Oluya Enkululekweni* (Macmillan), incwadi yezingane yendaba ngomlando kaNelson Mandela, uMandela ayibhale ngaye uqobo. Nayo itholakala ngazo zonke izilimi zaseNingizimu Afrika.
- Incwadi ethi, *Shirley, Goodness and Mercy* nethi, *Eggs to Lay, Chickens to Hatch* (Pan Macmillan) yizincwadi ezixoxa ngoChris eseyingane eRiverlea, eGoli. Lezi zincwadi ngezizingane ezindadlana, zizixuba kahle izikhathi zokuhleka nezokudabuka.

Thola enye indaba (*uMnumzane Nogwaja uhlangana noMnumzane Mandela*) kaChris van Wyk ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi.

Ngabe bewazi?

- Inkondlo kaChris van Wyk eyaziwa kakhulu ethi, *In Detention*, ifundwa ezikoleni zamabanga aphakeme kanye nasemanyuvesi emhlabeni wonke. Imayelana nendlela esolisayo okwakushona ngayo ababeboshelwe ezezipolitiki eNingizimu Afrika ngesikhathi sombuso wobandlululo.
- Ngesikhathi uChris eneminyaka emihlanu watshela abazali bakhe ukuthi ufuna ukuba ngumbhali!
- UChris wazuza imiklomelo eminingana ngokubhala kwakhe, ehlanganisa umklomelo i-2007 IBBY SA Wencwadi Yezithombe Ezishaye Zonke, ngenzwadi ethi *Imfihlo kaGogo uRuby*.



Nal'ibali on radio!

Enjoy listening to stories in isiZulu and in English on Nal'ibali's radio show:

Ukhozi FM on Monday and Saturday from 9.20 a.m. to 9.30 a.m.

SAfm on Monday to Wednesday from 1.50 p.m. to 2.00 p.m.



UNal'ibali usemsakazweni!

Thokozelani ukulalela izindaba ngesiZulu nangesiNgisi ohlelweni lomsakazo lwakwaNal'ibali:

Ku-Ukhozi FM ngoMsombuluko nangoMgqibelo kusukela ngo-9.20 ekuseni ukuya ku-9.30 ekuseni.


Ku-SAfm ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu kusukela ngo-1.50 emini ukuya ku-2.00 emini.


Create your own cut-out-and-keep book


1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
2. Fold it in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again.
4. Cut along the red dotted lines.

Zakhele eyakho incwadi ozoyisika uyikhiphe bese uyigcina

1. Khipha ikhasi lesi-3 ukuya kwele-6 kulesi sithasiselo.
2. Asonge abe nguhhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
3. Asonge abe nguhhafu futhi.
4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.







PAN MACMILLAN

This is an excerpt from the book *Ouma Ruby's Secret* by Chris van Wyk, published by Giraffe Books, which is an imprint of Pan Macmillan South Africa. The book is also available in bookstores and from online retailers.

Chris loves visiting his Ouma Ruby's house to pick mulberries in the garden and to tell jokes and sing with his cousins. Chris especially loves it when Ouma Ruby takes him into town to buy books from the second-hand bookshop. Then one day Chris learns that Ouma Ruby has a secret ...


Chris van Wyk was a well-respected South African author who wrote poetry, novels, short stories and children's books. He has won prestigious literary prizes for his work and his poetry has been published in many countries around the world.

Anneliese Voigt-Peters, who was awarded the 1997 Vivian Wilkes Award, lives in New York with her family.


Ouma Ruby's Secret is available in all of South Africa's eleven official languages as well as in Portuguese. To find out more about Pan Macmillan and its imprints and titles, go to www.panmacmillan.co.za.

©Giraffe Books/Pan Macmillan South Africa (African Rights) Tel: (011) 731 3440

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi




It starts with a story...



Drive your imagination

UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi



Ouma Ruby's secret
Imfihlo kaGogo uRuby

Chris van Wyk
Anneliese Voigt-Peters

Ugogo uRuby nyamqabula bese emesula umjulo ekhaleni.
 “Ungfihlele yiphi induku emqubeni?” kubuza uChris.
 Kodwa ugogo uRuby uyazihlekelela nje athi, “Thula uzobona,
 thula uzobona.”



Ouma Ruby kisses him and wipes the sweat off his nose.
 “What’s the surprise?” asks Chris.
 But Ouma just laughs and says, “You’ll see, you’ll see.”

This is the story of a real boy and a real ouma.

*Lena indaba yomfana wangempela kanye
 nogogo wangempela.*



A long time ago miners dug into the earth for gold and they left behind this mountain of yellow sand and rock. From the top of the mine dump the houses and the cars and the people look like toys. Down below is a suburb called Riverlea. And 13 Flinders Street is where Chris lives with his mom and dad, two brothers and sister.

Kudala abemba ezimayini babemba imigodi befuna igolide bese beshiya izindunduma zenhlabathi emdaka ehlangene namadwala. Uma uphezu kwalezo zindunduma izindlu, izimoto nabantu konke kubukeka sengathi amathoyizi nje. Laphaya ezansi kunendawo ebizwa ngokuthi iRiverlea. Kunombolo 13 womgwaqo uFlinders Street kulapho kuhlala khona uChris, unina noyise, abafowabo ababili kanye nodadewabo.

Bangena esitolo. Kugcwele izincwadi yonke indawo. Izincwadi ezikhuluma ngezizigaba, ukuthatha uhambo, ianga kanye nezinkanyezi, ngabantu kanye namazwe ase-Afrika. Ugogo uRuby ubheka umzuku wakhe othokozile magede amamatheke.
 “Ungaketha ezimbili,” kusho ugogo.
 “Ngcingcili Ngiyabonga, Gogo.”



They walk into the shop. There are books everywhere.
 Books about adventure, travel, the sun and the stars, the people and places of Africa. Ouma Ruby looks at her excited grandson and she smiles.
 “You may choose two,” she says.
 “Wow! Thanks, Ouma.”

“Your Ouma can’t read,” says Mom. “Your Ouma can’t read.”

Chris looks at his Ouma. He is surprised.

“But I can read it to her,” he says. And he does.

“I love you too, Chris,” says Ouma and Chris gives her a birthday hug.



“UGogo wakho akakwazi ukufunda,” kusho uMama. “UGogo wakho akakwazi ukufunda.”

UChris ubuka uGogo wakhe. Umangele.

“Kodwa ngingamfundela yona,” kusho yena. Bese enza kanjalo.

“Ngiyakuthanda nami, Chris,” kusho uGogo bese uChris emanga kakhulu ngokomoya wosuku lokuzalwa.

Ukhetha izincwadi ezimbili bese eziphakamisa ukuze azibone uGogo. UGogo uRuby ufaka izibuko zakhe zokufunda. Bese ephanya kancane amakhasi encwadini ngayinye.

“Ukhethe kahle,” kusho yena.

Ugogo ukhokhelela indoda engemuva kwekhawunta. UChris akachithi sikhathi, ugala ukufunda incwadi yakhe.



He chooses two books and holds them up for her to see. Ouma Ruby puts on her reading glasses. Then she pages slowly through each book.

“Good choices,” she says.

Ouma pays the man behind the counter. Chris begins to read his books straight away.

“What is this, son?” she says.

“It’s a letter, Ouma, for you. Read it. Read it out loud.”

“Not now, Chris,” she says. “Later.”

“No, Ouma. You must read it now.”

“I don’t have my glasses,” says Ouma.

“I’ll fetch them for you,” says Chris.

Chris’s mom pulls him away from Ouma. “Leave your Ouma alone,” says Mom.

“But I just want her to read the letter,” he says.

“Yini lena, ndodana?”

“Incwadi, Gogo, ngeyakho. Ifunde kakhulu. Ifunde kakhulu uphimisele.”

“Hhayi manje, Chris,” kuphendula yena. “Ngesinye isikhathi.”

“Cha, Gogo. Kumele uyifunde manje.”

“Angiziphethe izibuko zami,” kusho uGogo.


“Ngizokulandela zona,” kusho uChris.

Unina kaChris umususa kuGogo. “Yekela uGogo wakho,” kusho uMama.

“Kodwa ngifuna afunde incwadi.” kuphendula uChris.

Ouma Ruby!

Gogo uRuby!



Chris loves reading. He reads anything: books, comics, magazines, even the label on the tomato sauce bottle.

UChris uyakuthanda ukufunda. Ufunda noma yini ahlangana nayo: amabhuku, izincwadi zamahlaya, amphephabhuku kanye nelebuli elisebhodleleni likatamatisoso imbala.

ezimpambanweni zomgwapo ezizizo? Okuyikho ...



Ufika uma
ezimpambanweni
zemigwapo uPritchard
noDiagonal. Ulindele
uGogo uRuby, izinkumbi
zabantu ziyamedula
emile kodwa lutho
ukqhambuka uGogo
uRuby. Ngabe yilo
usuku abavumelene
ngalo? Ngabe umi!

UChris uyageza magede ugqoka isikhinjana sakhe esimnyama nehembe
eliluhlaza okwesibhakabhaka. Ubamba ibhasi eliphikelele edolobheni.

Ngelinye ilanga uChris uvuka ekuseni wehla embhedeni. Ilanga libalele
phandle. Ondlunkulu namahobhe kuyacula ezilahleni naphezu
kwezintambo zikagesi. UChris ujabule ngoba namuhla usuku olubaluleke
kakhulu. Uzohlangana nogogo wakhe edolobheni. Kepha kungani? Naye
akazi. Ugogo umane wathi nje, "Uzobona!"

He stands on the corner of Pritchard and Diagonal streets. He waits for
Ouma Ruby. Hundreds of people walk past, but not Ouma Ruby. Does he
have the right day? The right corner? The right ...

Chris has a bath and gets dressed in his black shorts and blue shirt. He hops
onto a bus that goes into town.

One morning Chris jumps out of bed. Outside the sun is shining. The
sparrows and turtle doves are singing in the trees and on the power lines.
Chris is excited because today is a special day. He has to meet his oma in
town. But why? He doesn't know. All she had said was, "You'll see!"

Chris' granny is Ouma
Ruby. She lives in
Coronation. That's quite
a walk away. You can
chew the sweetness
out of three Chappies'
bubblegums before you
reach Ouma's house.



Chris loves going to visit Ouma Ruby. She has fruit trees in her yard and in
summer the branches sag with the weight of peaches, apricots and grapes.
The mulberries give everyone a purple smile.

Dozens of cousins, uncles and aunts all live at Ouma Ruby's house. There's
always someone singing, playing music on a home-made guitar, or making
jokes. That's why Chris loves going to Ouma Ruby's for the school holidays.

Lona ngugogo kaChris, uGogo uRuby. UGogo uRuby uhlala eCoronation.
Kuyibangana uma usuka lapha. Ungahlafuna ushungama omthathu kuze
kuphele ubumnandi bawo ungakafiki emzini kaGogo.

UChris uyakuthanda ukuvakashela uGogo uRuby. Unezihlahla zezithelo
egcekeni lakwakhe. Ehlobo uthola amagatsha eyikazela esindwa
amapentshisi, obhlikosi namagilebhisi. Umalibheri wenza ukuthi wonke
umuntu abe nokumamatheka okunsomi.

Kunabazala, omalume no-anti abanengi abahlala emzini kaGogo uRuby.
Njalo kuyaye kube nothile oculayo, odlala umculo wesigingci sokuzakhela
kumbe osho amahlanya. Yisona sizathu lesi esenza ukuba uChris athande
ukuvakashela kwaGogo uRuby ngamaholide ezikole.

Fold

Usethokozile manje uChris.

UChris ubhala ukuthi: "Gogo othandekayo, ngikufisela usuku lokuzalwa
olumentokozo. Ngiyabonga ngokungithengela izincwadi kanye nokungivumela
ukuba ngichithe wonke amaholide emzini wakho. Ngiyakuthanda. UChris."

UChris unesu. Ngizombhalela incwadi, ecabanga. Encwadini ngizomtshelela
ukuthi ngimthanda kangakanani. Ngizomtshelela ukuthi ayifunde emcimbini
ukuze wonke umuntu ezokwazi ukuthi ngimthanda kangakanani. Lokho
kuzoba isipho sami sikaGogo uRuby!

Kepha kungani uChris engathokozile? Yingoba bonke baya ephathini
kaGogo kanti yena akanaso isipho azosipha uGogo. Ube funa ukuthengela
uGogo isikhwama semali. Mhlawumbe amacici. Noma isikhafu esiluhlaza
okwesibhakabhaka. Kepha akanayo imali.

Ngemva kwamasono amabili kuba usuku olukhulu. Zingama-29 kuNhlaba,
usuku lokuzalwa lukaGogo uRuby.

Now Chris is happy.

Chris writes: "Dear Ouma, I wish you a happy birthday today. Thank you
for buying me books and for letting me spend all my holidays at your home.
I love you. Chris."

Chris has an idea. I will write her a letter, he thinks. In the letter I will tell her
how much I love her. I will ask her to read it out at the party so that everyone
can hear how much I love her. That will be my gift to Ouma Ruby!

But why is Chris not happy? Because everyone is going to Ouma's party and
he does not have a gift for her. He wanted to buy her a purse. Or earrings. Or
a blue scarf. But he has no money.

Two weeks later is a special day. It is 29 May, Ouma Ruby's birthday.

Everybody is at the party: uncles, aunts, boy cousins, girl cousins,
teenage cousins and baby cousins. And on the table! Chocolate cake and
rainbow cake, biscuits and sweets, samoosas and curry balls, cooldrink
and tea. And Ouma Ruby, smiling and happy while everybody sings,
"Happy Birthday to you!"

Chris takes his letter from his pocket and goes up to Ouma Ruby. He
gives her the letter.



Wonke umuntu usephathini: omalume, o-anti, abazala abangabafana,
nabangamantombazane, abazala abangamabhungu nabangamatshishi,
kanye nabazala abangabantwana. Phezu kwetafula zibondiwe! Kukhona
wena makhekhe kashokoledi, amabhisikidi namaswidi, osamusa,
amabolana kakhari, onemenayidi kanye netiye. Kanti uGogo uRuby
uyamamatheka futhi ujabule ngenkathi bonke becula bethi, "Mini
emnandi kuwe!"

UChris ukhipha incwadi yakhe ekhukhwini bese eya kuGogo uRuby.
Umnikeza incwadi.



Nal'ibali fun

Hope's birthday is on 17 March and she is busy planning her birthday party! Find the things she wrote on her party shopping list in the wordsearch block alongside.

- BALLOONS
- CANDLES
- CHIPS
- CUPCAKES
- SWEETS
- CHOCOLATE
- JELLY
- JUICE




A	D	B	C	E	J	Z	H	B	C	A
K	C	B	I	H	U	C	Q	C	A	I
W	H	A	D	O	I	U	U	S	N	I
J	E	L	L	Y	C	P	I	W	D	J
G	O	L	A	T	E	C	S	E	L	A
C	H	O	C	O	L	A	T	E	E	L
S	W	O	M	V	E	K	N	T	S	I
O	O	N	X	J	K	E	M	S	N	Q
T	R	S	P	L	I	S	G	F	E	W
H	E	E	N	Y	N	C	U	B	L	T
S	T	S	M	E	B	B	V	A	K	F
T	H	D	B	A	A	B	C	D	G	F
I	I	E	I	B	H	A	L	O	N	I
I	Q	O	I	I	L	E	K	E	S	E
I	J	E	I	O	X	N	V	Q	U	T

Okokuzitho-kozisa kwakwaNal'ibali

Usuku lokuzalwa lukaHope lumhla ziyi-17 kuNdasas futhi umatasatasa uhlelela iphathi yakhe yokusuku lokuzalwa! Thola izinto azibhale ohlwini lwakhe lwezinto azozithengela iphathi ebhulokhini yokucinga amagama eseceleni.

- IBHELUDE
- AMAKHANDLELA
- AMASHIBUSI
- AMAKHEKHE
- USWIDI
- USHOKOLEDI
- UJELI
- IJUSI



A	I	J	U	S	I	A	U	U	A
M	B	B	J	H	I	M	S	S	M
A	H	A	E	L	U	A	H	W	A
K	E	E	L	I	S	K	O	I	S
H	L	J	I	T	I	H	K	D	H
A	U	O	K	O	L	E	O	I	I
N	N	O	M	V	E	K	L	T	B
D	D	A	L	U	J	H	E	S	U
L	E	A	N	D	U	E	D	A	S
E	Q	J	K	U	M	G	I	R	I
L	R	B	R	D	Y	D	R	N	N
A	B	N	M	H	Y	Y	H	A	T

In your next Nal'ibali supplement:

- Join us as we celebrate South African Library Week
- Find out how to bring the power of stories to your library
- Enjoy two special library stories: *Theo and the circus act* and *The donkey library*
- Story stars: 2014 Librarian of the Year, Flippie van der Walt

Find us on Facebook: www.facebook.com/nalibaliSA
Sithole ku-Facebook: www.facebook.com/nalibaliSA



Esithasiselweni sakho esilandelayo sakwaNal'ibali:

- Hlanganyela nathi ngesikhathi sigubha Isonto Lomtapo Wezincwadi ENingizimu Afrika
- Thola ukuthi ungawaletha kanjani amandla ezindaba emtatsheni wakho wezincwadi
- Thokozela izindaba ezimbili ezikhethekile zasematsheni wezincwadi: *UTheo nemigilingwane yasesekisini* nethi *Umtapo wezincwadi wezimbongolo*
- Abavelele ezindabeni: Umsebenzi Wasematsheni Wezincwadi Wonyaka, uFlippie van der Walt



Nal'ibali
It starts with a story...
Kunika kwakho ngokho...
Dit begin met 'n storie...
Ho qala ku yona...
Go thoma ku banepato...
Kuyalo ngemlaba ebonwayo...

The Nal'ibali Children's Literacy Charter is a guide for adults to ensure our children get the best literacy experiences possible. Visit www.nalibali.org to read all 11 literacy rights!


Supplement produced by The Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA) and Times Media Education. Translated by Busisiwe Pakade. Nal'ibali character illustrations by Rico.



8
Guess what, Jama... no
more bananas!
Jama, uyazi ukuthi...
uphelle ubhanana!



7



3
Jama loves bananas!
Jama uthanda ubhanana!

9
sqishy-sqashy bananas
ubhanana ocubiwe



4
big whole bananas
ubhanana omkhulu

5
small sliced bananas
ubhanana oyizingcezwana



Drive your
imagination